

UMNYANGO WEMFUNDU WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha lokuqala)

ISIKHATHI: 2½ amahora

IMIKLOMELO: 100

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
- Izinombolo zemibuzo mazibhalwe njengoba zibhalwe ephepheni.

ISIGABA A
UMBUZO 1

ISIFUNDO SOKUQONDISA

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

- Isizwe siyisizwe ngenxa yothando nenhlonipho yolimi lwaso. Isizwe esinganakekeli ulimi lwaso sidlala ngegeja kuziliwe. Ulimi lubaluleke ukwedlula zonke ezinye izifundo ezifundiswa esikoleni. Engani nalezo zifundo zenziwa kusetshenziswa ulimi. Ulimi yilona oluxhumanisa umuntu nabanye abantu. Yilona oluxhumanisa abantu nemvelo yonke jikelele. Yilona olwenza isidalwa esingumuntu sehluke kwezinye izidalwa ngoba sona siyakhuluma. Yilona olusetshenziswayo ekugcineni ulwazi ngesizwe ukuze ulimi lolo lwedluliselwe ezizukulwaneni ngezizukulwane. Namhlanje zonke izilimi sezinelungelo **lokugcina** amagugu azo ngolimi oluqoshiwe, okuyinto eyayingeke yenzeke.
- Uma umntwana esesekhaya engakangeni esikoleni, abazali bakhe bamfundisa ulimi lwasekhaya, kuthi ngalo lolo limi bamfundise nokuziphatha, kwazise ugotshwa usemanzi. Zimbalwa izingane ezilujabulelayo usuku lwazo lokuqala esikoleni. Eziningi ziba netwetwe. Engani ezinye ziyasikhila, zifuna onina. Uma-ke ingane ifika esikoleni, yelamela othisha besebeenzisa ulimi elujwayele, ayiphathekki kabi. Empeleni iyakhululeka, izizwe isekhaya. Umsebenzi wesikole kuba ukuhlunga nokulungisa amaphutha nje olimini. Esikoleni nxashana kwethulwa izifundo ngolimi lwasekhaya, abantwana bazizwa kangcono nangokushesha izifundo, kunalapho bezifundiswa ngezinye izilimi. Esikoleni ingane ihlangana namagama amasha olimi lwayo. Ngale ndlela kufakazeka ukuthi ulwazi lwandiseka kalula lapho kufundiswa ingane kusetshenziswa ulimi lwasekhaya.

- 3 Ziyakhandleka-ke izingane ezifunda ezikoleni zezinye izinhlanga, ngoba zihlangana nembibizane, ngenxa yokungezwala ukuthi kuthiwani. Kwesinye isikhathi zigcine ziinhlekisa kwezinye izingane. Enye ingane yasala yodwa ekilasini kwesinye isikole. Phela yayingezwanga ukuthi kuthiwe akuphunywe. Ayidlanga-ke ngalelo langa, ngoba kuphunywa nje kuyiwa edineni. Nalapho isibuzwa nguthisha ukuthi ayidile ngani, yavele **yamamatheka** nje. *Zoma insini* ezinye izingane. Sasingekho phela isidindo sokuthi imamatheke ngoba kwakulindeleke ukuthi iphendule. Pho! Uphendula uthini uma ungezwa nokuthi kuthiwani? Yimpicabadala-ke lena nakuthisha, kakhlukazi uma engenaso isineke. Omunye uze alimise ngesihloko elokuthi ukuthi ingane ayiluzwa ulimi ekhulunyiswa ngalo, akudoko eligayelwe yena lelo. Ngale ndlela bayaggilazeka abafundi lapho kwethulwa izifundo ngezilimi okungezona ezabo.
- 4 Zibusisiwe izingane ezifunda kusetshenziswa ulimi lwazo lwasekhaya. Ulwazi lwengane lwamagama olimi lwayo luyathuthuka. Ake ucabange nje ukuthi ukube abafundi abampisholo bebefunda zonke izifundo ngolimi lwabo belingaba ngakanani inani labafundi abaphumelelalo ekupheleni konyaka. Phela akubona bonke abafundi *abakhala ngaphansi* ngoba bengazi. Kubafundi abanangi abampisholo, kungenxa yokungezwisisi okushiwoyo. Ulimi okulungiswa ngalo amaphepha okuhlolwa, **luwumqansa** kwabanye abafundi. Abafundi abafundiswa ngolimi lwabo lwasekhaya iphepha kubo liba umsobo nje. Lesi simo siyabakhuthaza abantwana, futhi sivuselele nomlilo wothando lolimi lwabo. Kuvusa nosinga lokubhala amabhuku anhlobonhlobo angase asetshenziswe kuzo zonke izingxeneze zezinhlelo zokufunda. Kuba khona nothando lokusebenzisa izichazamazwi kanye namanye amabhuku angase abe wusizo. Kuphemba nesidindo sokucwaninga ulimi ukuze kugqame nobusayensi balo. Kumfundu osebenzisa ulimi lwakhe ekufundeni umqondo nokucabanga kwakhe kusebenza **njengonyazi**.
- 5 Ezilimini ezimnyama kulukhunya ukuthi abafundi bafunde zonke izifundo besebebenzisa ulimi lwasekhaya. Isantuleka imibhalo ezohlangabezana nezidindo zazo zonke izifundo ezikoleni eziphakeme. Asantuleka namagama obuchwepheshe anembayo okumele asetshenziswe ekufundeni, kakhlukazi uma kwensiwa izifundo zocwaningo. Okukhulu kunakho konke ukuntuleka kothando nentshisekelo yolimi njengoba izilimi ezimnyama zibukelwa phansi, abanye bezigcona. Okushaqisa du ukuthi zibukelwa phansi nangabanikazi bazo uqobo. Izingane ziyancipha ezikoleni zabamnyama. Zithutheleka kwezabamhlophe. Nakuzo lezo zikole zabamhlophe izingane ezimnyama eziningi azilwenzi ulimi lwazo. Ezilufundayo zilwenza ngolimi lokwengeza noma ezingeni elphansi. Sikhuluma ngolimi lwazo njalo lwebele. Siyophendula sithini ezizukulwaneni ezizayo? Uthi kambe ikhona nje ikusasa lezilimi ezimnyama?

Nkos i N.R. Msomi G.N.– Izikhali Zabaqeqli Nabajfundi

- 1.1 Nikeza le ndaba isihloko. (2)
- 1.2 Igama **ulimi** lunezincaelo eziningi. Ngaphandle kwale esesiqeshini, nika enye incazelobese ubhala umusho ngayo. (3)
- 1.3 Shono **okubili** okuvela endabeningane ekufundiswa ingakayi esikoleni. (2)
- 1.4 Bhala isizathu **esisodwa esisendabeni** esenza ukuthi isidalwa esingumuntu sehluke kwezinye izidalwa. (1)
- 1.5 Lubaluleke ngani ulimi? Nikeza izizathu **ezimbili** ezitholakala **esigabeni sokuqala**. 2x2=(4)

- 1.6 Chaza **izisho ezimbili** ezibhalwe **lukeke** ezisesigabeni **sesithathu nesesine.** 2x2=(4)
- 1.7 Isifenqo esithi **njengonyazi:**
- 1.7.1 sinhloboni? (1)
- 1.7.2 sisho ukuthini? (2)
- 1.8 Bumba umusho owuthandayo ngesifenqo esilandelayo bese usidwebela: **ihaba.** (2)
- 1.9 Funa amagama abhalwe agqama endabeni **amqondofana** nalawa alandelayo:
- 1.9.1 lokulondoloza. (1)
- 1.9.2 yamoyizela. (1)
- 1.10 1.10.1 Sebenzisa lesi saga “ugotshwa usemanzi” emshweni ukuze kuvele ukuthi uyayazi incazelo yaso. (2)
- 1.10.2 Yini lena egotshwa isemanzi? (1)
- 1.11 Phendula ngo: “Yebo” noma “Cha”
- 1.11.1 Ulimi lubalulekile ekulondolozeni amagugu esizwe. (1)
- 1.11.2 Nomuntu ongakwazi ukukhuluma uyakwazi ukuxhumana nabanye abantu. (1)
- 1.12 Ngokubona kwakho izilimi zabomdabu zinalo ikusasa? Sekela impendulo yakho ngesizathu **esisodwa.** (2)
[30]

IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]

ISIGABA B

UMBUZO 2
UKUFINGQA

Funda le ndatshana engezansi bese uyifingqa ngamagama angama-20.

ENingizimu Afrika, ezweni lawokhokho, kuvunguza umoya omnandi, umoya wothando, umoya wenjabulo, umoya wobumbano, ngingabala ngithini! Izakhamuzi zaseNingizimu Afrika, kakhlukazi izizwe ezimpisholo, zigubha iminyaka eyishumi iNingizimu Afrika yathola inkululeko, emva kokucindezelwa kwazo okungechazwe, zicindezelwa ngabamhlophe, iminyaka ngeminyaka. Kubafanele-ke ukujabula ngale ndlela. Kujabule wena salukazi, wena khehla, wena mama, wena baba, ngisho nentsha imbala, noma yona ingazi kahle ukuthi empeleni kuyini ukucindezelwa, kakhlukazi ezweni lakho lendabuko. Imicimbi yokugubha inkululeko ithe chithi saka nezwe lonke, ngisho naphesheya imbala. Phela le mibhiyozo eyingqayizivele esizweni esimnyama, yokwenziwa kuze kuphele lo nyaka ophezulu. Abantu bajabule ngakhona. Uthi ukhona owayazi ukuthi ondlebe zikhany'ilanga babeyoke bachilizwe ngale ndlela?

[10]

IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]

ISIGABA C

UMBUZO 3
UHLELO

Funda nasi isiqephu esithathwe ephephandaben bese uphendula imibizo engezansi:

Uma nginguHulumeni, nakhu engingakwenza ngabeqolo nabempesheni

Kuyinhlanhla nje ukuthi mina ngeke ngaze ngaba yile ndoda okuthiwa nguhulumeni ngoba ngingathi ngibekwa nje ngibe ngivala imali yeqolo kubo bonke abangavotanga.

Ngiyazisa ngolaka lwabesifazane oluzolandela lo mbono. Nokho ngibambelele embonweni wokuthi uhulumeni kufanele ahlangabezane nezidingo kuphela nalabo abahlangabezanayo nezabo izibopho njengezakhamizi okufanele ziphose esivivaneni ekubunjweni kombuso osimamileyo.

Ngake ngezwa ukuthi kunemibuso yentando yeningi lapho umuntu engayikhokhelwa imali kahulumeni efana neyempesheni uma umazisi wakhe ungakhombisi ukuthi uvotile.

Kusuke kungashiwo ukuthi umuntu makavotele iqembu elibusayo. Kusuke kufunakala ukuba kubonakale ukuthi okungenani umuntu uhlomula kuhulumeni nje, naye uyakwenza okuncane ukuze kuhlahleke indlela yokubuswa kwezwe.

Ngiyazi ukuthi kukhona abamaqembu ezepolitiki abangayengeta, bazithole sebethi umuntu ongavotelanga bona ngeke asizakale kuhulumeni. Yizinyoka ezifile lezo okufanele zinganakwa.

Kodwa le yokuthi abantu mabavote kuqala ukuze bahlomule kuhulume ni, ngihambisana nayo kakhulu.

Ngiye ngizwe abantu bethi kabayingeni eyepolitiki, besho nokuthi kabavotanga okhethweni olwedlule. Kodwa labo abasemalungelweni okushaya ujenga bayohola imali kahulume ni kabalibali wusuku olubekiwe nyanga zonke, kodwa kube luhkuni ukuyoma emgqeni kanye nje eminyakeni emihlanu.

Ngibona ukuthi uma kungakhuthazwa ukuba kudingeke avote kuqala umuntu ukuze ahole eyeqolo, singenysuka nesibalo sabantu abasha abavotayo. Ngokunjaloo nabadalabafanele babe nawo umthwalo wokuvota ngaphambi kokuba bakhangeze imali yempesheni.

- 3.1 Guqula isihloko sale ndaba sibe **senkathini eyadlula**. (2)
- 3.2 Leli gama elithi intando liyibizonto. Liguqule libe yisenzo, bese wakha umusho ngaleso senzo, emva kwalokho usidwebele. (2)
- 3.3 Kulo musho olandelayo kusetshenziswe izabizwana ezahlukene. Shono ukuthi isabizwana ngasinye esidwetshelwe sinhloboni:
“Ngiwuhalumeni ngingakuqeda konke lokho mina.” 1x2=(2)
- 3.4 Yakha imisho enalezi zinhlobo zezijobelelo bese uzidwebela.
- 3.4.1 isijobelelo sikandaweni. (1)
- 3.4.2 isijobelelo sesinciphiso. (1)
- 3.5 Tomula **isiphongozo** segama ngalinye bese usho ukuthi sinhloboni:
- 3.5.1 eminyakeni. (2)
- 3.5.2 emihlanu. (2)
- 3.6 Nguqukonon yemisindo eyenzekile kulezi zinhlamvu ezidwetshelwe:
- 3.6.1 engingakwenza. (2)
- 3.6.2 ngokhetho. (2)
- 3.6.3 ekubunjweni. (2)
- 3.7 Phinda ubhale lo musho olandelayo ube sebunyen bese udwebela igama eliyisibanjalo. “Yizinyoka ezifile lezo.” (1)
- 3.8 Funda lo musho olandelayo bese ubhala igama **eliyisichasiso** bese usho nokuthi sinhloboni:
“Lokhu kusiza ukuba imizi eminingi inciphise izikweletu.” 1x2=(2)

- 3.9 Yakha umusho owuthandayo onesibaluli bese udwebela igama **eliyisibaluli**. (1)
- 3.10 Lo musho olandelayo ukuyiphi **indlela yesenzo**?
Abantu abamnyama nabo sebeyavota. (1)
- 3.11 Yakha umusho owuthandayo ube sendleleni yempoqo. (2)
- 3.12 Ukuyiphi **impambosi yesenzo** lo musho olandelayo?
Kwezinye izindawo abantu bavotisa nabantu okungebona abakuleli. (1)
- 3.13 Yakha umusho ngesenzo **qedo** kuvele lezi zimpambosi:
3.13.1 **yokwenziwa**. (2)
3.13.2 **yokwenzela**. (2)
- 3.14 Yakha isibabazo ngaleli bizo: amadoda. (1)
- 3.15 Sisho ukuthini lesi shiso “ukuphonsa itshe esivivaneni”? (2)
- 3.16 Umuntu onjani obizwa ngenyoka efile? (2)
- 3.17 La magama adwetshelwe ngenhla anhloboni yesifenco? (1)
- 3.18 Nikeza igama elimqondofana naleli: ukuhlomula. (1)
- 3.19 Leli gama umbuso yibizonto. Lisuselwe kusiphi isenzo? Bhala umusho ngaleso senzo. (2)
- 3.20 Phendula ngo-“Yebo” noma “cha”: INingizimu Afrika iyisibonelo sezwe elibuswa ngombuso wentando yeningi. (1)
- [40]**

UMBUZO 4

- 4.1 Bhala kahle la magama adwetshelwe ngendlela eyamukelekile yesiZulu:
4.1.1 Immbila yeswela umsila ngokulayezela. (1)
4.1.2 Umngcwabo kaZondi uzophumela eholo. (1)
- 4.2 Nqamula kahle igama elisekugcineni komusho _____
Phela umuntu ngumuntu ngabantu. (1)

- 4.3 Phinda ubhale le misho elandelayo bese ufaka izimpawu zokuloba ezishiyiwe:
- 4.3.1 habe nangu umuntu engihlolola
- 4.3.2 uthisha uthe fundani isizulu ukuze niphumelele. $\frac{1}{2} \times 10 = (5)$
- 4.4 Phinda ubhale le misho, bese wehlukanisa amagama adwetshelwe ngendlela eyemukelekile:
- 4.4.1 Ugogo uzoayinelwa ngu Thandi ngenyanga kaAgasti. $1 \times 2 = (2)$
- 4.4.2 Lothisha omusha akezwani nalezizingane ezeluka imiyeko. $1 \times 2 = (2)$
- 4.4.3 Abantabampisholo bayakuthanda ukuhlabelela. (1)
- 4.4.4 Tshela ingane ukuthi isingahambake manje. (1)
- 4.4.5 Umhlangano uzoqala ngo 7 ekuseni. (1)
- 4.4.6 Namhlanje sizobonisana ngenkulomoppendulwano. (1)
- 4.5 Lungisa igama elidwetshelwe ukuze umusho ufundeke kahle:
- 4.5.1 USipho unendlebe, uzwa noma umuntu ekhulumela phansi. (1)
- 4.5.2 Le ngane ayive ithandeka, inegazi isibili. (1)
- 4.6 Bhala amagama esizulu soqobo esikhundleni salawa adwetshelwe:
- 4.6.1 Umzala usesesibhedlela namanje, selokhu axhwala kusukela ngesikhathi edivosa. (1)
- 4.6.2 Azive zikufanelu izingubo zakho zobunesi. (1)
[20]

IMIKLOMELO YESIGABA C: [60]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 100